
# 1 Ekhaya



## NGAPHAMBI KOKUFUNDA LE NDABA

**Qiniseka ukuthi uyayazi incazelo yala magama alandelayo**

indwandwe, ufeleba wempukane (uzekamanzi/ujekamanzi), esiqiwini, emnceleni, kusogwadule, igobolondo, uchakide, ufezela, ihlokohloko, ingungumbane, ihlosi, onwabu, igwalagwala, impophoma, ibalazwe

**Qiniseka ukuthi uyakwazi ukufunda la magama alandelayo**

nezingwenya, izinhlanzi, liyingxenye, kolwandle, ezahlukahlukene




Uyawabona amanzi? Yidamu leli.


Ikhaya likabani leli? Kuhlala bani lapha?

Amehlo, izindlebe, umlomo kanye nomsila …

Zingaki izilwane ezihlukene ozibonayo lapha?

Izimvubu kanye nezingwenya zihlala kuleli damu. Izindwandwe zidla izinhlanzi ezihlala kulelidamu. Amaxoxo nofeleba bezimpukane nako kuhlala kulelidamu. Zonke zidinga amanzi ukuze ziphile. Futhi idamu yikhaya lazo.






Uyasibona isihlabathi? Kusogwadule lapha.

Ikhaya likabani leli? Kuhlala bani lapha?

Amehlo, izindlebe, izimpondo, igobolondo kanye nomsila …

Zingaki izilwane ezahlukahlukene ozibonayo?

Ochakide nofezela kuhlala ogwadule. Amabhubesi adla izinyamazane zasogwadule. Izimfudu namahlokohloko kuhlala khona nakho. Ugwadule luyashisa futhi lomile, kodwa yindawo yalezi zilwane.





Uyayibona imithi? Yihlathi leli.


Ikhaya likabani leli? Kuhlalabani lapha?

Amehlo, izindlebe, izimpondo, umlomo kanye nemisila eminingi …

Zingaki izilwane ezahlukene ozibonayo lapha?

Izinkawu nezingungumbane zihlala ehlathini. Amahlosi adla izimpunzi ezihlala ehlathini. Onwabu namagwalagwala aluhlaza okotshani zihlala khona. Ihlathi yikhaya lazo.







Buka ibalazwe laseNingizimu Afrika. Zonke izilwane ozibone kule ndaba ziphila ezindaweni ezahlukahlukene eNingizimu Afrika. Ungasho ukuthi isilwane ngasinye osibonile kulendaba sitholakala kuyiphi indawo?

ZingezaseMzansi, kanti sihlala nazo nathi kulelizwe.

# 2 Elikabani isondo?



**NGAPHAMBI KOKUFUNDA LE NDABA**

**Qiniseka ukuthi uyayazi incazelo yala magama alandelayo**

njengotshani, okwesibhakabhaka, eyemijaho, uhuntshu

**Qiniseka ukuthi uyakwazi ukufunda la magama alandelayo**

elicwebezelayo, ngomgwaqo, kwesikhashana, nokuligcina, kwesomshayeli, imxhawula

UVeli kwakungumfana othanda izimoto ngaphezu kwazo zonke izinto. Wayefisa ukuba ngumakhenikha uma esekhulile ukuze azilungise usuku lonke.


Ngelinye ilanga uVeli wathola isondo elikhulu elimnyama elicwebezelayo lilele phansi eduze komgwaqo. Lalilihle kakhulu leli sondo liwedlula wonke. 'Ngelikabani leli sondo?' emangala.

Ngaso leso sikhathi uVeli wabona inqola yezimbongolo iza ngomgwaqo. *Qaba, qaba, qaba, qaba!*

Yima bo! kumemeza uVeli. 'Sawubona, Mnumzane. Ngelakho leli sondo?' kubuza yena.

'Cha, akulona elami,' kuphendula indoda. 'Lelo sondo lihle kakhulu ukuthi kungaba ngelale nqola yezimbongolo!'

Wasuka umshayeli wehla njalo ngomgwaqo. *Qaba, qaba, qaba, qaba!*



Emva kwesikhashana uVeli wabona ugandaganda ophuzi wehla ngomgwaqo uza ngakuye. *Du-du, du-du, du-du!*

Yima bo! kumemeza uVeli. 'Sawubona, Mnumzane. Ngelakho leli sondo?' kubuza yena.

'Cha, akulona elami,' kuphendula indoda. 'Lelo sondo ngeke lilingane lapha kugandaganda!'

Wasuka wehla njalo ngomgwaqo. *Du-du, du-du, du-du!*



Emva kwemizuzu embalwa, uVeli wabona isithuthuthu esiluhlaza njengotshani sehla ngomgwaqo siza ngakuye. *Br-r-r-r-r-r-r!*

Yima bo! kumemeza uVeli. 'Sawubona, dadewethu. Ngelakho leli sondo?' kubuza yena.

'Cha, akulona elami,' kuphendula udade. 'Lelo sondo likhulu kunesithuthuthu!'

Wasuka ngaso wehla njalo ngomgwaqo. *Br-r-r-r-r-r-r!*



Lashisa ilanga, uVeli wezwa omile. Kepha akakwazi ukulishiya isondo elikhulu elicwebezelayo.

Wasuka lapho uVeli wabona inqola emhlophe iza ngomgwaqo. *Vum-vum-vum!*

Yima bo! kumemeza uVeli. 'Sawubona, mama. Ngelakho leli sondo?' kubuza yena.

'Cha, akulona elami,' kuphendula inkosikazi. 'Lelo sondo lihle kakhulu ukuthi lingaba ngeyalenqola!'

Yasuka yehla njalo ngomgwaqo. *Vum-vum-vum!*



UVeli wayomile esezwa nephango. Akangakwazi ukulishiya isondo elikhulu elicwebezelayo.

Emva kwesikhashana wabona itekisi eliluhlaza okwesibhakabhaka liza ngomgwaqo. *Pi-pi-pi-pi-pi-pi!*

Yima bo! kumemeza uVeli. 'Yima! Ngicela ume! Sawubona, Mnumzane. Ngelakho leli sondo?' kubuza yena.

'Cha, akulona elami,' kuphendula umshayeli wetekisi. 'Isipele sami nasiya ngaphansi kwetekisi!'

Wasuka wehla njalo esusa izintuli. *Pi-pi-pi-pi-pi-pi!*




Sahamba isikhathi. UVeli wabona ukuthi sekuyisikhathi sokuya ekhaya.

Ngaso leso sikhathi wabona iloli elidonisa izimoto liza. *Bhere-bhere-bhere-bhere!*

Iloli elidonisa izimoto lalidonisa imoto enhle kakhulu emnyama enesivinini esikhulu.

Yima bo! kumemeza uVeli esephelelwa ngamandla. ‘Sawubona, Mnumzane. Ngelakho leli sondo?’ kubuza yena.

‘Cha, akulona elami,’ kusho umshayeli weveni elidonisa izimoto.



Ngaleso sikhathi kwaphuma indoda esihlalweni esiseceleni kwesomshayeli yeza kuVeli.

'Yisondo LAMI lelo!' imemeza ngenjabulo. 'Likhumuke emotweni yami. Bengifunana nalo yonke indawo!'

UVeli waqalaza ngemuva kweveni. Wayibona imoto enhle kakhulu efana neyemijaho ingenalo isondo langaphambili!

'Ngiyabonga kakhulu nsizwa ukungitholela isondo, nokuligcina liphephile!' kusho indoda, imxhawula uVeli. 'Uma seyikhandiwe imoto yami ngizobuya ngizokuzwisa yona!'

Nangempela, emva kwezinsuku ezimbili yabuya indoda. Wonke umuntu wayebuka uVeli esegibele uhuntshu lwemoto eyemijaho emnyama. Kwaba wusuku aluthanda kakhulu uVeli lolu!



# 3 Uhambo




## NGAPHAMBI KOKUFUNDA LE NDABA

**Qiniseka ukuthi uyayazi incazelo yala magama alandelayo**
izithutho, umatasa, esudukesini, ujolisaka, nesikhwama sokulala, lekhilikithi, umfaniswano, ibhethi, nokokuzivikela

**Qiniseka ukuthi uyakwazi ukufunda la magama alandelayo**
usomabhizinisi, uyazilungiselela, esikhwameni, sebesesikhumulweni

Abantu bahamba zonke izinsuku. Baya ezindaweni ezahlukene besebenzisa izithutho ezahlukene. Abantu bahamba ngezinqola noma ngezitimela. Bahamba ngamabhasi noma ngamatekisi. Bahamba ngomkhumbi noma ngendiza.

Ake sibone abanye abantu abalungiselela uhambo. Ungaqagela ukuthi bayakuphi? Qagela ukuthi bazofika kanjani lapho?

Usomabhizinisi uyahamba kusasa ngezamabhizinisi. Umatasa uyazilungiselela. Useqoqele esudukesini amahembe akhe akanokusho, amasudi nawothayi esudukesini, manje usefaka namaphepha akhe abalulekile omsebenzi esikhwameni. Okusemqoka, uliphethe nethikithi lakhe!

'Ngilulungele manje uhambo lwami, kumnandi ukuhamba,' kusho yena.



Umfundi uya enkanjini njengoba kuyisikhathi sekhefu ekolishi. Umatasa uyazilungiselela manje. Kujolisaka wakhe useqoqe izingubo zakhe azozidinga, nezicathulo zakhona, kanye nesikhwama sokulala. Okusemqoka, uliphethe ithikithi lakhe!

'Ngilulungele manje uhambo lwami, kumnandi ukuhamba,' kusho yena.



Umfana uyahamba kusasa neqembu lesikole lekhilikithi. Umatasa uyazilungiselela. Useqoqe umfaniswano wakhe wesikole, nezokudlala ikhilikithi epotimendeni lakhe. Manje useqoqa ibhethi, amabhola nokokuzivikela kujolisaka. Okusemqoka, uliphethe ithikithi lakhe!

'Ngilulungele uhambo lwami, kumnandi ukuhamba,' kusho yena.



Umthengisi unohambo lokuyothengisa kusasa. Uthenga abuye athengise izinto kulolonke elaseMzansi. Useqoqe izimpahla zakhe nezendodana yakhe encane epotimendeni. Uqoqe nezinto ayozidayisa esikhwameni esikhulu. Okusemqoka, uwaphethe namathikithi abo!

'Ngilulungele manje uhambo lwami, kumnandi ukuhamba,' kusho yena.



Ugogo uyahamba uyovakashela indodakazi yakhe kanye nabazukulu bakhe abathathu. Uqoqe izimpahla zakhe kanye nezipho azithengele umndeni wakhe epotimendeni. Manje useqoqa okokugeza ukufaka esikhwameni sakhona. Okusemqoka, uliphethe ithikithi lakhe.

'Ngilulungele manje uhambo lwami, kumnandi ukuhamba,' kusho yena.



Buka abantu abazogibela iGautrain namuhla! Uyabona ukuthi obani? Umthengisi nengane yakhe, usomabhizinisi, umfana wesikole, umfundi wasekolishi, nogogo!

Bayaphi?

IGautrain inesivinini esikhulu. Igijima kakhulu kunesithuthuthu, netekisi, ngisho nekumoto yomjaho!
Kodwa …




Angeke ishiye indiza!

Naba abangani bethu sebesesikhumulweni sezindiza, bagibela indiza. Manje sesiyazi ukuthi bahamba ngani, kodwa asikazi ukuthi bayakuphi …

Ungaqagela?



# 4 Sizani!



## NGAPHAMBI KOKUFUNDA LE NDABA

**Qiniseka ukuthi uyayazi incazelo yala magama alandelayo**

ukunswininiza, isesidlekeni, wanombela ephokophele, emagatsheni, wayogaxela

**Qiniseka ukuthi uyakwazi ukufunda la magama alandelayo**

ngomgwaqo, ukunswininiza, isesidlekeni, emagatsheni, ogcinayo, wazigxumela

Ngelinye ilanga uKati wayezihambela ngomgwaqo ngenkathi ezwa ukunswininiza okuncane omncane. Wabheka phezulu wabona inyoni isesidlekeni phezulu kweliphezulu igatsha.

'Hmn,' kucabanga uKati. 'Inyama yaleyanyoni ingabamnandi. Ingaba yisidlo sami sasemini.'



UKati wasebenzisa izinzipho zakhe ezicijile ukugibela esihlahleni. Wakhuphuka wanombela ephokophele phezulu.




Leli kati eligangile leli! Lakhuphuka kakhulu lafika labhajwa phezulu esihlahleni. UKati wayesethukile kakhulu. Wahluleka ukunyomuka ehle.

'Sizani! Sizani!' kumemeza yena kakhulu.

USuzi wayezedlulela ngaleso sikhathi. Wezwa uKati ememeza. Wabheka phezulu ezihlahleni wambona le egatsheni eliphakeme kunawo wonke.

'Ungakhathazeki, Kati,' kusho yena. 'Ngizokusindisa.'



Wagibela uSuzi esihlahleni wakhuphuka, ehamba ebambelela emagatsheni. Wayesebheka phansi. Phansi kwasekukude kakhulu impela. USuzi wezwa esaba ukuthi usephezulu kakhulu esihlahleni.

'Sizani! Sizani! Ngifuna ukwehlika!' kukhala yena.

UDoni wayezedlulela ngaleso sikhathi. Wezwa uSuzi ememeza. Wabheka phezulu esihlahleni wabona uSuzi noKati bebambeke phezulu.

'Ungakhathazeki,' kusho yena. 'Ngizokusindisa.'



Wagibela uDoni waya phezulu esihlahleni, ehamba ebambelela emagatsheni esihlahla. Wayesegibela egatsheni elingalungile, wabambeka masinya. Wayephezulu kakhulu naye uDoni esihlahleni, engeke agxumele phansi, wezwa esaba.

'Sizani! Sizani! Ngicela ningehlise!' kumemeza yena. Kwadlula umama uMiya ngaleso sikhathi. Wamuzwa uDoni ememeza. Wabheka phezulu esihlahleni, wabona uDoni, uSuzi kanye noKati bebambeke phezulu esihlahleni.

'Ungakhathazeki,' kusho yena. 'Ngizokusindisa.'



Wagibela esihlahleni umama uMiya wakhuphuka, ehamba ebambelela emagatsheni. Washibilika wayogaxela emagatsheni amabili esihlahla. Umama uMiya wayegibele waya phezulu kakhulu, engeke akwazi ukugxumela phansi. Wayesesaba naye.

'Sizani! Sizani! Sisizeni nisehlise!' kumemeza yena. Kwadlula umalume uSoli ngaleso sikhathi. Wamuzwa umama uMiya ememeza. Wabheka phezulu esihlahleni, wabona uDoni, uSuzi, umama uMiya kanye noKati bebambeke phezulu esihlahleni. Ngabe umalume uSoli naye uzozama ukugibela esihlahleni? Cha! Umalume uSoli wajika wahamba.

Kungani engabasizi? Ubashiyelani esihlahleni?


'Sibambekile okwangempela lapha!' bekhala bonke.



Kahleni bo! Nangu ebuya umalume uSoli! Nempela wabuya ethwele ilada elide!

'Ungakhathazeki, Suzi. Ungakhathazeki, Doni. Ungakhathazeki, mama Miya,' kusho yena. 'Ngizonisiza. Gibelani nonke eladeni nehle.'


Uhlakaniphile, umalume uSoli!



Kwaqala umama uMiya wehla. Kwalandela uDoni wehla. Kwaba nguSuzi ogcinayo ukwehla.

'Siyabonga, malume Soli! Usisindisile!' kusho bona bejabulile.

Kwenzekani-ke ngoKati? Emva kokudala yonke le nkinga, uKati wavele wazigxumela yena wayohlala phansi. Akazange adinge kusizwa nakancane!



# Incwadi Enkulu 4

Izincwadi Ezinkulu ziwumthombo omuhle wokufunda ngokubambisana. Incwadi Enkulu ngayinye kulezi ezibizwa ngeVula Bula iqukethe izindaba ezahlukahlukene ezihlelwe ngesihloko esisodwa. Kunemifanekiso edwebeke kahle emibalabala ehambisana namazwi abhaliwe afundeka kalula ngokuphinyiselwa, kanti imifanekiso lena ihambisana kahle nokubhaliwe, ukugqugquzela uthando lokufunda izindaba. Ukuxoxisana nabafundi ngemifanekiso kuvame ukulikhuphula izinga lokukhula komfundi ngamunye ekufundeni, kuphinde kumnike isibindi neqholo ngokusetshenziswa kwamagama amasha uma ekhuluma. Indaba ngayinye inohla lwamagama amasha okudingeka abafundi bawaqonde ukuze bakwazi ukuyilandele kalula indaba.

VulaBula

**Incwadi Enkulu 1**
1. Musa!
2. Lala
3. Izimo
4. Vula vala

**Incwadi Enkulu 2**
1. Baleka
2. Lalela
3. Bala
4. Qoqa

**Incwadi Enkulu 3**
1. Jika
2. Ubaba usele nosana
3. Umnikelo
4. Nyenyeza

**Incwadi Enkulu 4**
1. Ekhaya
2. Elikabani isondo?
3. Uhambo
4. Sizani!

**Incwadi Enkulu 5**
1. Uphi uZinzi?
2. Sidlala ungize
3. Izinyo
4. Liphukile ifasitela

**Incwadi Enkulu 6**
1. Awu, Mnu Nkawo!
2. Esitolo sezingubo
3. Isaqathe esikhulukazi
4. Umoya nelanga

**Incwadi Enkulu 7**
1. Bekela ikusasa
2. Indaba yomlingo
3. Isobho lamatshe
4. Unogwaja nofudu

**Incwadi Enkulu 8**
1. Ibhubesi negundane
2. Siyabhaka nogogo
3. Idolobha lakithi
4. INingizumu Afrika ngeyethu

## ISIZULU

ZENEX FOUNDATION
MOLTENO INSTITUTE FOR LANGUAGE AND LITERACY
CC BY NC ND
978-1-77580-481-9